JW.ORG™
Zithathele le PDF engosini ethi www.jw.org/zu

# UNkulunkulu Ufuna Ukusisiza

Khetha izinto ezingenziwa ezivumelana nezidingo zomntanakho kanye nalezo angathanda ukuzenza. Xoxani ngalezo zinto njengomkhaya.

## IMISEBENZI ENINGAZIPRINTELA YONA

### UKUFUNDA KOMKHAYA

**INDABA YEBHAYIBHELI** Funda Indaba YeBhayibheli Elandiswa Ngezithombe “kaJakobe No-Esawu.” Ngemva kwalokho cela izingane ezisencane ukuba zifake imibala esithombeni. Xoxani ngemibuzo emithathu ndawonye.

### ISIVIVINYO

**UKUSHUMAYELA EMHLABENI WONKE** Fundani isAmbulo 14:6, 7. Sebenzisani izithombe, ibalazwe nesihloko esithi “Amanqampunqampu” esitholakala engosini ethi jw.org/zu ukuze nidlale umdlalo futhi nifundise izingane zenu ngamanye amazwe.

### UKUFUNDA NGE-VIDEO

**UKUFUNDA NGEMIDWEBO** Bukelani i-video ethi “Nqoba Isiqhwaga Ngaphandle Kokusebenzisa Isibhakela.” Ngemva kwalokho, njengomkhaya xoxani ngemibuzo emithathu ekuyi-video ekhuluma ngezinto ezingenziwa.

### OKUNGASETSHENZISELWA UKUTADISHA

**IMIBUZO YEBHAYIBHELI** Fundani uJeremiya 1:6-8. Ngemva kwalokho ningavula ingxenye ethi “Imibuzo Evame Ukubuzwa NgoFakazi BakaJehova” kuyi-jw.org/zu. Izingane azikhethe umbuzo ezingase zibuzwe wona abantu bezinye izinkolo. Ngemva kokufunda impendulo, siza izingane zicabange ngendlela ezingawuphendula ngayo lowo mbuzo ngamazwi azo.

www.jw.org/zu © 2013 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania